**UKUHLONGOZWA KOKUBEKWA KOMKHUMBI OPHEHLA AMANDLA KAGESI NGOKUGUQULA IGESI ECHWEBENI LASERICHARDS BAY KUMASPALA WASEKHAYA UMHLATHUZE, ESFUNDENI SENKOSI UCETSHWAYO, EKWAZULU NATALI**

**ISIGABA SOMBIKO WOMTHELELA KWEZEVELO (EIR) NGOKWEMIGOMO YOMTHETHONQUBO YE-EIA YONYAKA KA-2014 (NJENGOBA UCHITSHIYELWE)**

***AbakwaTriplo4 Sustainable Solutions (Pty) Ltd*** benza inqubo yokuhlolwa kwezemvelo (EIA) edingekayo mayelana nesicelo ***seKarpowership (Pty) Ltd*** sokugunyazwa kwezeMvelo (ngokoMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwezemvelo, 1998) futhi bafaka isicelo seLayisensi Yokungcola Emkhatini (AEL) (ngokoMthetho Kazwelonke Wokuphathwa Kwezemvelo: Umthetho Wekhwalithi Yomoya, 2004) ***yephrojeckthi ehlongozwayo yokubekwa komkhumbi ophehla amandla kagesi ngokuguqula igesi echwebeni laseRichards Bay***, kumaspala wasekhaya uMhlathuze, esifundeni seNkosi uCetshwayo, eKwaZulu Natali.

Isigaba Sokulinganisa, esiqale ekuqaleni kwaMfumfu enyakeni wezi-2020 siphothulwe ngokwamukelwa Kombiko Wokulinganisa, kufaka phakathi uhlelo lwezicwaningo ze-EIA, nguMnyango Wezemvelo, Amahlathi kanye Nezokudoba (i-DEFF) ngomhlaka 6 kuMasingana wezi-2021. Ngakho-ke, isicelo manje sesisesigabeni se-EIR.

**Imininingwane yephrojekthi:** Iphrojekthi ifaka phakathi ukwenziwa kukagesi ovela emikhunjini emibili entantayo eboshwelwe echwebeni laseRichards Bay ezomukela igesi yemvelo komunye umkhumbi wesithathu, obizwa nge-Floating Storage Regasification Unit (i-FSRU). Le mikhumbi emithathu kulindeleke ukuthi ihlale echwebeni iminyaka engama-20 okuyisikhathi esikalelwe le phrojekthi. Njalo emva kwezinsuku ezingama-20 kuya kwezingama-30 kuzofika umkhumbi obizwa nge-Liquified Natural Gas Carrier uzoletha igesi yemvelo ezobe isesimweni samanzi izoyithulula emkhunjini lo oyiFSRU. Igesi yemvelo izokhishwa kusuka kumkhumbi iFSRU iya emkhunjini ephehla ugesi ngamapayipi egesi azobe engaphansi kolwandle. Le phrojekthi inomthamo wokuklama wokuphehla ugesi ongama-540MW ngezinjini zegesi ezingama-27, injini iyodwa izodinga ukushisa okungaphezulu kwe-10MW. AmaTurbine ama-3 ashisisa injini akhipha ukushisa okuyi-15.45MW ngamunye. Ukusuka emkhunjini, ugesi uzokhishwa ngentambo kagesi eyi-132kV ngebanga elicishe libe ngama-3km, ukusuka eRichards Bay Port kuya kulayini wakwa-Eskom, endaweni yokuxhuma (edinga isiteshi esisha esishintshayo) eduze ne-Bayside Substation ekhona, engena kugridi kazwelonke.

**INGXENYE YENQUBO YOKUBAMBA IQHAZA KOMPHAKATHI – ISIGABA SE-EIR**

**Ukuphawula ngombiko osewuhlaka lokuqala we-EIA:**
Umbiko osewuhlaka lokuqala we-EIA (okubandakanya uHlelo Lokuphathwa Kwezemvelo (EMPr) nemibiko yochwepheshe) izotholakala kumaQembu Anentshisekelo Nathintekayo (ama-I & AP), kufaka phakathi iMinyango Yombuso kanye ne-DEFF ukuze baphawule ngezinsuku ezingama-30 esikhathini esiqala ngomhlaka **26 Nhlolanja kuye kumhlaka 31 Ndasa ku-2021** kumtapo wolwazi womphakathi waseRichards Bay, emahovisi eTriplo4 eBallito, kuwebhusaythi yaseTriplo4: www.triplo4.com nasenkundleni yeInthanethi yamaQembu Anentshisekelo Nathintekayo(ama-I & AP). ***Uyacelwa ukuthi uthinte ihhovisi le-Triplo4 uma uhlangabezana nobunzima ekutholeni le mibiko.***

**Imihlangano Yomphakathi Nababambe iqhaza:**
Njengengxenye yenqubo yokubamba iqhaza komphakathi, imihlangano izokwenziwa ngokuzimela, kusetshenziswa izinkundla zemihlangano eziku-inthanethi ukuvumela ukubamba iqhaza ngesikhathi sobhubhane lwe-COVID-19. Kunikezwa amaseshini amabili ezikhathi zomhlangano - iseshini yasekuseni neseshini yakusihlwa. Imininingwane efanayo izonikezwa kuzo zombili izikhathi futhi ama-I & AP abhalisiwe azothola amaminithi awo womabili amaseshini. Imibuzo noma ukuphawula kungathunyelwa ngaphambi kwemihlangano eku-inthanethi.
Imihlangano izoba ngoLwesine, **11 Ndasa 2021 ngo-10: 00 nango-18: 00**.
Izixhumanisi zokungena kule mihlangano eku-inthanethi zizonikezwa ama-I & AP abhalisiwe kusasele isonto wenziwe umhlangano.

***Kuma-I & AP angakwazi ukubamba iqhaza kuzinkundla ezinjalo, sicela uxhumane nabakwaTriplo4 kusengaphambili ukuze kwenziwe olunye usizo noma amanye amalungiselelo okubamba iqhaza angenziwa.***

***Sicela uthumele konke ukuphawula kanye nezicelo zokubhaliswa njenge-I & AP (uma ingakabhaliswa) kanye / noma eminye imininingwane ku:***

**UNkk. Hantie Plomp**
**Triplo4 Sustainable Solutions**
Douglas Crowe Drive, The Circle, Suite 5, Ballito
P.O. Box 6595, Zimbali, 4418
Tel | 032 946 3213
Fax | 032 946 0826
E-mail | ppprbay.triplo4@gmail.com

triplo4 sustainable solutions